

Amadodana KaJakobe

GENESISE ISIAHLUKO 37

NGOLUNYE USUKU, LAPHO ELUSE UMHLAMBI KAYISE EZWENI LASEKHANANI, AMADODANA KAJAKOBE AYISHUMI AMADALA ENZA INTO **EMBI**.

UJOSEFA, UMFANA OWELANYWA UTHUNJANA, WAYA EKHAYA WAFIKE **WABIKELA UYISE** LOKHO OKWAKWENZIWE ABAFOWABO ABADALA.

UBONISE **ISIBINDI** NGEMPELA NGOKUZA UZONGIBIKELA LOKHO OKWENZEKILE. **NGIZIQHENYA KAKHULU** NGawe JOSEFA. THATHA NANSI **INGUBO** YEKHETHELO ENGIKWENZELE YONA.

AKAKAZE ANGENZELE INGUBO YEKHETHELO **MINA!**

NGIYAMZONDA!

UBABA UTHANDA **UJOSEFA** NGAPHEZU KWETHU!

ANIBHEKE **NJE!**

NGIKHATHELE UJOSEFA.

NGEMVA KWESIKHATHI ESITHILE, UJOSEFA WAPHUPHA IPHUPHO.

BESIBUTHA IZITHUNGU
ZIKAKOLWENI ENSIMINI
FUTHI ISITHUNGU SAMI
SIVELE SAVUKA SAMA
SAQONDA!

IZITHUNGU ZENU
ZIBE SEZIZUNGEZA
ISITHUNGU
SAMI FUTHI
ZASIKHOTHAMELA!

INGABE LOKHO
KUSHO UKUTHI
UZOBA INKOSI
YETHU?

UCABANGA
UKUTHI UYINI
NJE WENA?

UJOSEFA WAPHINDE WAPHUPHA ELINYE IPHUPHO.

... FUTHI ILANGA,
INYANGA NEZINKANYEZI
EZINGU-11
BEKUNGIKHOTHAMELA.

ANGISAKWAZI
NGEMPELA
UKUYIBEKEZELELA
LENTO!

WONKE
AMAPHUPHO AKHE
ACHAZA INDLELA
YENA ABALULEKE
NGAYO!

JOSEFA,
USHO UKUTHI MINA
NONYOKO NABAFOWENU
SIZOKUKHOTHAMELA?

MHLAWUMBE
UJEHOVA USEBENZISA
LELI PHUPHO UKUZE
ASITSHELE OKUTHILE ...

NGEMVA
KWALOKHO ...

JOSEFA, NGITHUMELE
ABAFOWENU ABADALA UKUBA
BAYOKWELUSA IZIMVU. NGICELA
UYOBABHEKA UBONE UKUTHI
ABAFOWENU NEZIMVU ZAMI
BAPHILA KAHLE.

KULUNGILE,
BABA.

BHEKANI!
NANGU LO
MPHUPHI EZA.

ASIMBULALENI
BESE
SIMPHONSA
EMGODINI.

KODWA
SIZOTHINI
KUBABA?

SIZOTHI
UBULAWE
ISILWANE
SASENDLE
ESINOLAKA.

MPHONSENI
EMGODINI, KODWA
NINGAMLIMAZI.

URUBENI, INDODANA
KAJAKOBE ENDALA,
WANGENELA.

AKUFANELE
SIMBULALE.

EHHE! KUYOBE
KUPHELILE
NGAMAPHUPHO
KAJOSEFA.

KAMUVA,
NGIZOMKHIPHA
BESE NGIMYISA
EKHAYA.

LAPHO URUBENI ESAHAMBILE, ABANYE
ABAFOWABO BAKAJOSEFA BAMTHENGISA.

BHEKANI! NABA
ABATHENGISI
ABAYA
EGIBHITHE!

MASIMTHENGISELE
EBUGQILENI
UJOSEFA FUTHI
KUZOFANA NOKUTHI
UFILE!

URUBENI WABUYELA KUBAFOWABO FUTHI WAKUBONA OKWAKWENZEKILE.

NGIZOFIKE
NGITHINI
KUBABA?

INGANE
AYISABONWA!
NIYENZENI?

UNGAKHATHAZEKI,
RUBENI. **SIZOQAMBA**
AMANGA . . .

. . . SITHOLE
LE NGUBO.

INGUBO KAJOSEFA!
KUMELWE UKUBA
UBULawe ISILWANE
SASENDLE ESINOLAKA!

UJOSEFA
UFILE!

KODWA UJOSEFA WAYENGAFILE . . .

YINI ESIYIFUNDAYO NGAMADODANA KAJAKOBE?

KUNGANI UJOSEFA **ATSHELA** UYISE UKUTHI
ABAFOWABO ABADALA BABENZE INTO EMBI?
UMKHONDO: LEVITIKUSI 5:1.

KUNGANI ABAFOWABO BAKAJOSEFA ABADALA
BABEMZONDA FUTHI **BAQAMBA** AMANGA KUYISE?
UMKHONDO: JAKOBE 3:14.

KUFANELE UZIZWE KANJANI UMA UMFOWENU,
UDAEWENU NOMA UMNGANE ETHOLE INTO **OFISA**
UKUBA NAYO?

UMKHONDO: ROMA 12:15; 1 PETRU 1:22.

ENDABENI ELANDELAYO ELANDISWA
NGEZITHOMBE, THOLA UKUTHI **KWENZEKANI**
KUJOSEFA EGIBHITHE.